environmental affairs
Department:
Environmental Affairs
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

GA Environment

## English

# BASIC ASSESSMENT PROCESS FOR THE PROPOSED DECOMMISSIONING (CLOSURE) OF THE EMADLANGENI LANDFILL, EMADLANGENI LOCAL MUNICIPALITY, KWAZULU NATAL PROVINCE

**NOTIFICATION LETTER AND AN INVITATION TO COMMENT AND REGISTER AS AN INTERESTED AND AFFECTED PARTY**

---

## isiZulu

# ISICELO SEMVUME YOKUHLOLWA OKUYISISEKELO NOKUNAKEKELWA KODOTI OKUHLONGOZWAYO KWENDAWO YOKULAHLA UDOTI EMADLANGENI KUMASIPALA WENDAWO YASE EMADLANGENI, KWAZULU NATAL PROVINCE

**INCWADI YESAZISO NESIMEMO SOKUVEZA UMBONO NESOKUBHALISA NJENGOTHANDAYO NOMA OTHINTEKAYO**

---

**October 2017/ uMfumfu 2017**

**ENGLISH**

Dear Interested and Affected Party

**NOTICE OF A BASIC ASSESSMENT PROCESS FOR THE PROPOSED DECOMMISSIONING (CLOSURE) OF THE EMADLANGENI LANDFILL, EMADLANGENI LOCAL MUNICIPALITY, KWAZULU NATAL PROVINCE**

Notice is hereby given in terms of Chapter 5 of the National Environmental Management Act (NEMA), 1998 (Act No. 107 of 1998) and Waste Management Activities listed in terms of the National Environmental Management: Waste Act, 2008 (NEM:WA) (Act No. 59 of 2008) as amended, that the Department of Environmental Affairs (DEA) is assisting the Emadlangeni Local Municipality to apply for a Decommissioning Licence for the existing the Emadlangeni landfill. DEA has therefore appointed GA Environment (Pty) Ltd as independent Environmental Consultants, to undertake the Basic Assessment and Waste Management Licence Application for the landfill.

As the Emadlangeni landfill is located within the KwaZulu Natal Province, the Waste Management Licence will be issued by the KwaZulu Natal Department of Economic Development, Tourism and Environmental Affairs (EDTEA).

This Notification Letter serves to provide a background on the landfill, the proposed activities as well as information on how one can register as an Interested and Affected Party (I&AP) on the project in order to be able to be kept abreast of all developments.

## *Site Location and Background to the project*

The eMadlangeni landfill occupies an area of approximately 62 000m² (±6 Ha) and is located on Erf 10000 and Erf 1006 eMadlangeni within the eMadlangeni Local Municipality which falls within the Amajuba District Municipality. The site is within the boundaries of the Utrecht Balele Community Game Park and on the western foothills of the Balele Mountains. The landfill is approximately 4km north of the R34 which provides the main access into the Utrecht CBD. Direct access to the site can be gained from the surfaced President Street leading to Paulpietersburg. The site centre co-ordinates are 27°39'18.65"S; 30° 20' 28.20"E. Refer to **Figure 1** for the Locality Map of the site.

The landfill site is transected by numerous drainage lines which have formed dongas that are notable in the north western section of the site and in the areas immediately outside the landfill boundaries. The drainage lines feed into the Dorpspruit which is located approximately 1.5km north west of the site. Based on site investigations, it is assumed that the waste body is located within an old donga.

The eMadlangeni landfill receives general waste from areas located within the eMadlangeni Local Municipality. It is unknown when the eMadlangeni landfill commenced with the disposal of waste on the site although aerial images from as early as 2006 do however indicate that disposal was already taking place on site at that time. Records of waste streams that have historically been disposed off on the site are unavailable.

Environmental problems noted on this site include visual nuisances such as windblown litter, air quality problems from the burning of waste, soil erosion etc. Regarding infrastructure, with the exception of the fence, a gate, manholes, a tap, a toilet, a shipping container, a prefabricated building and a brick building, no other infrastructure is available on site.

As a result of numerous complaints about the state of poorly operated municipal landfills and the associated impacts on the biophysical and social environment, the Department of Environmental Affairs has embarked on an initiative to assist various Municipalities in South Africa with the licensing of the existing illegal waste disposal sites. The existing Emadlangeni landfill has been identified as one of the site that will require a Waste Management Licence for decommissioning. The initiative by DEA will assist the Emadlangeni Local Municipality with obtaining a Waste Management Licence which will also serve as a basis to seek funding opportunities and assistance from financial institutions such as DBSA and state departments such Treasury and National Ministries to ensure the closure of the landfill as per the waste legislation.

Although the landfill is poorly operated, one of the key activities noted on site is the reclaiming of recyclables. This contributes to local economic development and supports one of the goals of the National Waste Management Strategy which is a legislative requirement of the NEM:WA. As the landfill will be licenced for closure, the Municipality recognises the benefits of the reclamation of waste and for this reason, a site for a Waste Transfer Centre and a Buy Back Centre has been identified at a location approximately 5km west of the current site along Koch Street. The centre points of this site are 27°39'49.33"S; 30°17'49.04"E. According to the Emadlangeni Local Municipality, any waste that cannot be reused or recycled will be disposed of at the landfills operated by the Newcastle and the Dannhauser Local Municipalities subject to agreements.

## *Legislative Requirements for the Proposed Licencing of the Emadlangeni Landfill*

Although the Emadlangeni landfill is currently operational, the Emadlangeni Local Municipality is applying for a Waste Management Licence in order to formally decommission (close) the facility and to ensure that all activities associated with the decommissioning of the landfill site are undertaken as per NEM:WA 2008, as amended and other key environmental legislation. The proposed activities associated with the decommissioning of the landfill site will be undertaken as per the DWAF Minimum Requirements for Waste Disposal by landfill (1998). These activities will include the application of final cover and topsoil, vegetation, leachate management, etc.

According to the National Environmental Management Waste Act,2008 (Act No. 59 of 2008) as amended, the licensing of the Emadlangeni landfill requires that a Basic Assessment be undertaken as per the NEM:WA 2008 Listed activities (Government Notice 921 of November 2013). The Waste Management listed activity that will be triggered by the development is:

**Category A-*Activity 14*** *The decommissioning of a facility for a waste management activity listed in Category A or B of this schedule*

In terms of Sections 24(2) and 24D of the National Environmental Management Act, 1998 (Act No. 107 of 1998), as amended, a Basic Assessment process as stipulated in the EIA Regulations 2014, as amended must also be undertaken as part of the licensing of the landfill.

## *Objective of the Basic Assessment Process*

The main objective of the Basic Assessment Process and the Waste Management Licensing process is for the Emadlangeni Local Municipality to obtain the required Closure licence for the Emadlangeni landfill from the Competent Authority, the KwaZulu Natal Department of Economic Development, Tourism and

Environmental Affairs. The Basic Assessment process aims to identify and assess potential environmental impacts associated with the proposed licensing of the landfill as well as any alternatives to the development / activity and to compile appropriate mitigation measures.

It is anticipated that should the Licence be granted, the Municipality will be able to source funding for the compilation of detailed engineering designs for the landfill and to allow for all activities related to the decommissioning of the landfill in line with NEM: WA, 2008, requirements. The acquisition of the licence will also ensure that the Municipality fulfils their obligation to operate the landfill according to NEM:WA 2008, and other key environmental legislation.

## *Public Participation Process*

In terms of Chapter 6 of the NEMA Environmental Impact Assessment (EIA) regulations, 2014, as amended, a Public Participation Process (PPP) forms an integral part of the Basic Assessment Process which is required for the Waste Management Application process. The public participation process provides Interested and Affected parties (I&APs) with an opportunity to provide comments and to raise issues of concern about the project or to make suggestions on the processes and proposed activities. Any I&APs can therefore register on the project to obtain ongoing information about the Basic Assessment Process for the Emadlangeni landfill.

The compilation of PPP documents such as this Notification Letter is one of the requirements of Chapter 6 of the NEMA Environmental Impact Assessment (EIA) regulations, 2014, as amended. Other documents that will be drafted as part of the project notification phase include a Site Notice that will be mounted on site and a newspaper advert for placement in a local newspaper. The process also requires the undertaking of any other PPP methods such as Focus and/or Public Meetings where the need for these arise.

The Draft Basic Assessment Report compiled as part of the Waste Management Application process will be made available for public review and all registered I&APs will be informed of the availability of this document and given the legislated 30 days to provide comments on the report. Upon receipt of the Waste Management License from EDTEA, all registered I&APs will be informed of the decision and provided with an opportunity to appeal the decision. The opportunity to register on the project as an I&AP will be kept open from the Notification phase up to the issuing of the Waste Management License for the landfill. The project I&AP database will be opened and maintained by GA Environment.

## *Opportunity to participate*

Should you wish to register as an I&AP or to make suggestions and/or comments on this proposal, kindly provide these together with your name, contact details (preferred method of communication, e.g. e-mail cellphone) and an indication of any interest which you (or the organisation you represent) have in the application to **Name:** Ntsebo Mkhize at **Tel:** 011 312 2537 **Cell:** 072 550 9669 **Fax:** 011 805 1950, **E-mail:** environment@gaenvironment.com/ntsebom@gaenvironment.com or **Post**: P.O Box 6723 Halfway House 1685. You may use the attached registration and comment sheet. **Please register your interest in the project before 20th November 2017.**

***We look forward to receiving your comments!***

**ISIZULU**

*Siyakubingelela wena Othandayo Nothintekayo*

**ISAZISO SENQUBO YOKUHLOLWA OKUYISISEKELO NESOKUVALWA KWENDAWO YOKULAHLA UDOTI YASEMADLHANGENI, KUMASIPALA WENDAWO YASEMADLANGENI OKUHLONGOZWAYO, ESIFUNDENI SAKWAZULU NATAL**

Lesi saziso sikhishwa ngokuvumalana neSigaba 5 soMthetho Kazwelonke Wokunekekelwa Kwemvelo (NEMA), ka-1998 (u-Act No. 107 ka-1998) kanye neMisebenzi Yokuphathwa Kwemfucuza ebhaliswe ohlwini ngokuvumelana nenqubo Yokuphathwa Kwezemvelo Kuzwelonke: uMthetho Wokulahlwa Kwemfucuza, ka-2008 (NEM:WA) (u-Act No. 59 ka-2008) owachibiyelwa, uMnyango Wezokunakekelwa Kwezemvelo (DEA) osiza uMasipala Wendawo YaseMadlangeni ukuba uwusebenzise ngenjongo yokukhishwa Kwemvume Yokuvalwa kwendawo yokulahla udoti ekhona manje yaseMadlangeni. I-DEA manje iqoke inkampani ezimele iGA Environment (Pty) Ltd ukuba ibe Abeluleki Bemvelo abangachemile, ukuze yenze Ukuhlola Okuyisisekelo nokuba kutholakale Imvume Yokuphathwa Kwemfucuza ngokuqondene nale ndawo.

Njengoba indawo yokulahla udoti eMadlangeni isesifundazweni saKwaZulu Natal, iMvume Yokunakekela Udoti izokhishwa uMnyango wakwaZulu Natal wokuThuthukiswa Kwezomnotho, Ezokuvakasha nokuPhathwa Kwemvelo (EDTEA).

Le ncwadi yesaziso inikeza isizinda sendawo yokulahla udoti, umsebenzi ocatshangelwayo nemininingwane yokuthi ungabhalisa kanjani njengomuntu Othandayo noma Othintekayo (I&AP) kulo msebenzi ukuze ukwazi ukuhambisana nayo yonke intuthuko.

## *Indawo Nesizinda Somsebenzi*

Indawo yokulahla udoti yaseMadlangeni ithatha indawo engaba amamitha sikwele angu-62000m² (±6 Ha) futhi isendaweni yaseMadlangeni engu- Erf 10000 no- Erf 1006 ngaphansi kukaMasipala Wendawo waseMadlangeni ne Utrecht Balele Community Game Park . Le ndawo isebangeni elingaba ngu-4km enyakatho ka-R34 ongenela edolobheni lase-Utrecht. Uma ufuna ukuya kule ndawo ngokuqondile ungangena ngokuqhamuka ngomgwaqo u-President Street oya e-Paulpietersburg. Ama-co-ordinates eGPS enkaba yale ndawo athi 27°39'18.65"S; 30° 20' 28.20"E. Bheka isithombe 1 esiphethe iBalazwe Lendawo ukuze uyibone.

Kunemigudu eminingana yokulahlela udoti kule ndawo osekwenze kwaba nezindonga eziphawulekayo endaweni esenyakatho ntshonalanga yale ndawo nasezindaweni ezingasemingceleni engasekuphumeni kwayo eziseduze. Imigudu yokulahla udoti ichithela e-Dorpspruit ecishe ibe ngu-1.5km enyakatho ntshonalanga nale ndawo. Ngokokuhlola okwenziwe kule ndawo, kuthiwa udoti usodongeni oludala.

Le ndawo yaseMadlangeni yamukela udoti ovela ezindaweni ezihlukahlukene ngaphansi kukaMasipala Wendawo yaseMadlangeni. Akwaziwa ukuthi kwaqalwa nini ukulahlwa kodoti kule ndawo nakuba izithombe zibonisa ukuthi ngisho nango-2006 wase ulahlwa udoti ngaleso sikhathi. Awatholakali amarekhodi odoti obulokhu ulahlwa kule ndawo. Ukulandwa komunye udoti ngenjongo yokuwusebenzisa bekulokhu kwenzeka futhi kwenezela emnothweni wendawo.

Izinkinga ezithinta ezemvelo kule ndawo zihlanganisa ukungcola okuhleli obala okulethwa umoya, ukungcola komoya ngenxa yokushiswa kwemfucuza, ukuguguleka komhlabathi nokunye. Nakuba le ndawo ibiyelwe futhi inesango, imigodi embiwe, impompi, indlu yangasese, indlu yensimbi yokuthutha, izakhiwo zesikhashana nezakhiwo zezitini azikho ezinye izingqalasizinda ezikhona kule ndawo.

Izikhalazo ngokunganakekelwa kahle kwezindawo zikamasipala zokulahla udoti nokuthinteka ngokomzimba nokwezenhlalo kuye kwaholela ekutheni uMnyango Wezindaba Zezenhlalo uqale uhlelo lokusiza omasipala abahlukene eNingizimu Afrika ngokunika imvume ezindaweni zabo zokulahla udoti ezingekho emthethweni. Enye yalezi zindawo indawo yokulahla udoti yaseMadlangeni ezodinga iMvume Yokunakekela Udoti ukuze iphinde isebenze. Lesi sinyathelo esithathwa yi-DEA sizosiza uMasipala Wendawo YaseMadlangeni ukuba uthole iMvume Yokunakekela Udoti ezophinde ibe yisisekelo sokufuna amathuba nosizo olungokwezimali ezinhlanganweni zezimali ezinjenge- DBSA neminyango kahulumeni enjenge-Treasury ne-National Ministries ukuze kuqinisekiswe ukuvalwa kwendawo yokulahla udoti ngokuvumelana nomthetho wokulahla udoti.

Nakuba le ndawo yokulahla udoti inganakekelwa kahle, enye yezinto ezinkulu okubonakale zenzeka kule ndawo ukuthathwa kodoti ongaphinde usebenziseke. Lokhu kwenezela emnothweni wendawo futhi kusekela omunye wemigomo esoHlelweni lukaZwelonke LokuPhathwa Kwemfucuza okuyimfuneko engokomthetho ye-NEM:WA. Njengoba sekukhishwe imvume yokuvala indawo yokulahla udoti, uMasipala uyayibona inzuzo yokuthathwa kodoti kule ndawo ukuze ubuye usetshenziswe futhi ngenxa yalesi sizathu, iNdawo yokuHambisa Udoti neNdawo Yokuthenga Udoti isibonakele endaweni eqhele cishe ngo-5km entshonalanga nendawo okulahlwa kuyo manje engasemgwaqweni uKoch Street. Nansi indawo eqondile le ndawo ekuyo 27°39'49.33"S; 30°17'49.04"E. NgokukaMasipala wendawo yaseMadlangeni, noma yimuphi udoti ongeke usasebenziseka uzolahla endaweni yokulahla udoti eqondiswa uMasipala Wendawo yase-Newcastle naseDannhauser uma sekuxoxiwe nabo. Ngokufana noMasipala weNdawo YaseMadlangeni, labo Masipala bakuMasipala Wesifunda saseMajuba.

## *Izimfuneko Ezingokomthetho Zemvume Yendawo Yokulahla Udoti Ehlongozwayo eMadlangeni*

Nakuba indawo yokulahla udoti eMadlangeni isebenza njengamanje, uMasipala Wendawo YaseMadlangeni ufaka isicelo seMvume Yokunakekela Udoti ukuze uyivale ngokusemthethweni le ndawo futhi uqiniseke ukuthi wonke umsebenzi ohlobene nokuvalwa kwendawo yokulahla udoti uqhutshwa ngokuvumelana ne-NEM:WA 2008, echibiyelwe neminye imithetho yezendawo. Imisebenzi ehlongozwao ehlobene nokuvalwa kwendawo yokulahla udoti izokwenziwa ngokuvumelana neZiqodiso ze- DWAF eziphathelene nokuLahlwa Kukadoti endaweni yokulahla udoti (1998). Le misebenzi izohlanganisa ukufaka umhlabathi, izitshalo nokunye.

NgokoMthetho Wokunakekelwa Kwendawo Kazwelonke, 2008 (Act No. 59 of 2008) ochibiyelwe, ukunika indawo yokulahla udoti yaseMadlangeni imvume kudinga ukuHlolwa Okuyisisekelo ngokuvumelana ne-NEM:WA 2008 nemisebenzi esohlwini (Isaziso Sikahulumeni 921 sango-November 2013). Imisebenzi elandelayo yokuNakekelwa Kodoti izocatshangelwa:

**uHlu A-*Umsebenzi 14*** *Ukuvalwa kwendawo ukuze kwenziwe umsebenzi wokunakekela udoti osoHlwini A noma B kulesi simiso*

Ngokuqondene nezinHlu 24(2) no 24D zoMthetho wokuNakekelwa Kwezendawo Kukazwelonke, 1998 (Act No. 107 of 1998), ochibiyelwe, ukuHlolwa Okuyisisekelo njengoba kuvezwe emiThethweni ye-EIA 2014, echibiyelwe kumelwe nakho kuthathwe njengengxenye yokuthola imvume yendawo yokulahla udoti.

## *Injongo Yenqubo Yokuhlola Okuyisisekelo*

Injongo eyinhloko yeNqubo yokuHlola Okuyisisekelo nenqubo yokuNikwa Imvume Yokunakekela Udoti ukuthi uMasipala Wendawo YaseMadlangeni uthole imvume efunekayo yokuvalwa kwendawo yokulahla udoti eMadlangeni eGunyeni elifanele, uMnyango Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha Nokuphathwa Kwemvelo WaKwaZulu Natal. Inqubo yokuHlola Okuyisisekelo ihlose ukuthola nokuhlola izinto ezingathinta ezemvelo ezihlangene nokutholwa kwemvume okuhlongozwayo noma umsebenzi ukuze ihlanganise izinto ezingakunciphisa.

Kucatshangwa ukuthi uma ingatholakala iMvume, uMasipala uzokwazi ukusiza ngokwezimali ekuhlanganisweni kwemidwebo yonjiniyela enemininingwane yendawo yokulahla udoti futhi uvumela yonke imisebenzi ehlobene nokuvalwa kwendawo yokulahla udoti ngokuvumelana nemithetho ye- NEM: WA, 2008. Ukutholakala kwemvume kuzobuye kuqinisekise ukuthi uMasipala ugcwalisa isibopho sawo sokusebenza ngendawo yokulahla udoti ngokuvumelana nomthetho we- NEM:WA 2008, neminye imithetho eyisisekelo yezendawo.

## *Inqubo Yokubamba Iqhaza Komphakathi*

Ngokuvumelana neSahluko 6 semithetho ye-NEMA Environmental Impact Assessment (EIA), 2014, echibiyelwe, ukuBamba Iqhaza Komphakathi (PPP) kwenza abahlukene babambe babe yingxenye yeNqubo Yokuhlola Okuyisisekelo edingekayo ukuze kwenziwe inqubo Yokunakekelwa Kwezibi. Ukubamba iqhaza komphakathi kunikeza Abathandayo nabaThintekayo (I&APs), kuhlanganise ne-EDTEA njengeGunya Elifanele, ithuba lokuveza izimvo nokuphakamisa izikhalo mayelana nalo msebenzi noma ukuphawula ngomsebenzi ohlongozwayo. Noma yimaphi ama-I&APs angabhalisela lo msebenzi ukuze athole imininingwane eqhubekayo ngeNqubo Yokuhlola Okuyisisekelo kwendawo yokulahla udoti eMadlangeni

Ukuhlanganiswa kwezincwadi ze-PPP njengeNcwadi Yesaziso kungenye yezimfuneko zeSahluko 6 semithetho ye-NEMA Environmental Impact Assessment (EIA), 2014, echibiyelwe. Ezinye izincwadi zizobhalwa njengengxenye yesigaba sesaziso somsebenzi okuhlanganisa iSaziso Sendawo esizobekwa kuleyo ndawo nesikhangiso sephephandaba esizofakwa ephephandabeni lomphakathi. Le nqubo ihlanganisa ukusetshenziswa kwanoma yiziphi izindlela ze-PPP njengemiHlangano Yabantu Abambalwa/ kanye noma neyoMphakathi uma kuphakama isidingo.

ImiBiko Yokuhlola Okuyisisekelo ezohlanganiswa njengengxenye yenqubo yokuFaka isicelo Sokunakekelwa Kodoti izotholakala emphakathini ukuze uyihlole futhi wonke ama-I&APs abhalisile azokwaziswa uma le ncajana isikhona futhi banikezwe izinsuku ezingu-30 ukuba baveze izimvo nemibiko. Lapho ethola Imvume Yokunakekela Udoti e-EDTEA, wonke ama-I&APs abhalisile azokwaziswa ngesinqumo futhi anikezwe ithuba lokufaka isicelo sokushintshwa kwesinqumo. Ithuba lokubhalisa njenge-I&AP kulo msebenzi lizovuleka kusukela esigabeni seSaziso kuze kufike ekuNikezweni Kwemvume Yokunakekela Indawo Yokulahla Udoti. I-database yomsebenzeni wama-I&AP izovulwa futhi ilawulwe yi-GA Environment.

## *Amathuba okubamba iqhaza*

Uma ufisa ukubhalisa njenge-I&AP noma ukuveza izimvo/ ukuphawula kulokhu okuhlongozwayo, sicela ufake kanye negama lakho, imininingwane yakho yokuxhumana (indlela ongathanda sikuthinte ngayo, isib. I-e-mail, i-cellphone) uphawule nokuthi yikuphi okufisayo (noma inhlangano oyimelelayo) bese uthumela isicelo ku: Ntsebo Mkhize kule **nombolo yocingo:** 011 312 2537 **i-Cellphone:** 072 550 9669 **Ifeksi:** 011 805 1950, i-**E-mail:**environment@gaenvironment.com/ntsebom@gaenvironment.comor **IPosi**: P.O Box 6723 Halfway House 1685. Ungasebenzisa incwadi yokubhalisa efakiwe nekhasi lokuphawula. **Sicela ubhalise lokho okufisayo kulo msebenzi ngaphambi kwezi-20 zika-November 2017.**

***Silangazelela ukuzwa izimvo zenu!***

**NOTICE OF A BASIC ASSESSMENT AND A WASTE MANAGEMENT LICENCE PROCESS FOR THE PROPOSED LICENSING OF THE EMADLANGENI LANDFILL, EMADLANGENI LOCAL MUNICIPALITY, KWAZULU NATAL PROVINCE**

**REGISTRATION AND COMMENT SHEET**

**OCTOBER 2017**

Name:..................................................................

Surname:............................................................

Organisation:......................................................

Postal or Residential Address:..............................

..........................................................................

Post Code: ...........................................................

Tel number:..........................................................

Fax number:..........................................................

Cellphone number:...............................................

E-mail address:......................................................

Would like to be registered on the Project database? Yes / No

**COMMENT/S**

……………………………………………………………………………….

……………………………………………………………………………….

……………………………………………………………………………….

……………………………………………………………………………….

……………………………………………………………………………….

……………………………………………………………………………….

**OTHER INTERESTED AND AFFCTED PARTIES**

Please add the following neighbours/interested or affected parties to your mailing list (please provide their names, surnames and telephone numbers):

1)………………………………………………………………………….

..........................................................................

2)...................................................................

..........................................................................

GA Environment

Please complete and return to GA Environment for:

**Attention: Nyaladzi Nleya**

**E-mail:** environment@gaenvironment.com or nyaladzin@gaenvironment.com **,Fax:** (011) 805 1950/57,

**Post:** PO Box 6723, Halfway House, Midrand, 1685

**You may also call us on** (011) 312 2537, 076 147 9451 if you do not have access to a fax or e-mail facility

**ISAZISO SOKUHLOLWA OKUYISISEKELO NEMVUME EHLONGOZWAYO YOKUNAKEKELA INQUBO YOKULAHLWA KODOTI EMADLANGENI, KUMASIPALA WENDAWO YASEMADLANGENI, ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU NATAL**

**IKHASI LOKUBHALISA NOKUPHAWULA**

**UMFUMFU 2017**

Igama:.......................................................................

Isibongo:...................................................................

Inhlangano:...............................................................

Ikheli Leposi noma Lasekhaya:.....................................

..................................................................................

Ikhodi Yeposi:................................................................

Inombolo Yocingo:.......................................................

Inombolo Yefeksi:.........................................................

Inombolo yeCellphone:...............................................

Ikheli le-E-mail:............................................................

Ungathanda yini ukubhalisa kuyi- database yalo msebenzi? Yebo / Cha

**UKUPHAWULA**

…………………………………………………………………………….

…………………………………………………………………………….

…………………………………………………………………………….

…………………………………………………………………………….

…………………………………………………………………………….

…………………………………………………………………………….

**ABANYE ABATHANDAYO NOMA ABATHINTEKAYO**

Sicela ufake omakhelwane/ abanesifiso noma abathintekayo ohlwini lwakho (Sicela usho amagama, izibongo nezinombolo zabo zocingo

1)……………………………………………………………..............

..............................................................................

2)...........................................................................

..........................................................................

GA Environment

Sicela uligcwalise bese ulithumele kwa- GA Environment ubhale ukuthi:

**Liya ku-: Nyaladzi Nleya**

**Ikheli le email**: environment@gaenvironment.com noma nyaladzin@gaenvironment.com, **Ifeksi:** (011) 805 1950/57,

**Ikheli leposi**: PO Box 6723, Halfway House, Midrand, 1685

**Ungasishayela ucingo:** (011) 312 2537, 076 147 9451 uma ungenayo ifeksi noma i-email